# IBHUKWANA MAYELANA NOMTHETHO WOKUTHOLA ULWAZI

## 1. INHLOSO

Inhloso yalencwadi ukusebenza njengebhukwana lo-uMngeni –uThukela Water njengoba kudingekile ngokwemigomo yoMthetho, inika inkomba mayelana nemiqulu egciniwe nenqubo okumele ilandelwe ukufaka isicelo sokuthola ulwazi lwemiqulu.

## 2. ISINGENISO

UMLANDO ngo UMNGENI-UTHUKELA WATER

uMngeni-uThukela Water , ibiyaziwa ngokuthi Umgeni Water, igama lishitshile laba ngu uMngeni –uThukela Water kusukela ngomhlaka 1 July 2023. Lokhu kwenzeke emva kokuba Umgeni Water uthathe Umhlathuze Water wawuthatha wawufaka ngaphansi kwaba inkampani eyedwa ezobhekelela isifunda sakwa Zulu-Natali ngezamanzi.

uMngeni-uThukela Water yiyona nsiza yamanzi esungulwe ngeSimemezelo No. 114 ka 1974 (IGazethi kaHulumeni No. 4300, 14 kuNhlangulana 1974). Inikeza amanzi emadolobheni, ezimbonini nakwezokulimo, kanye nasezindaweni zemikhandlu engaphansi kwawo. Isebenza amadamu amakhulu okugcina amanzi ayishumi nanye, amathange amanzi edolobha ayishumi amakhulu kanye namahlanu amancane kanye namathangi amabili amakhulu amanzi angcolile. Iphinde isebenzise izinhlelo zokugcina izindawo zasemaphandleni. Inhlokohhovisi iseMgungundlovu, namahhovisi ezifunda eMkondeni,Richards Bay, eNew Germany, eMhlali nasePark Rynie, zonke lezifunda ziKwaZulu Natali.

Imisebenzi yoUmngeni-Uthukela ile elandelayo :

- Ukunikezwa kwamanzi emvelo futhi ahlanzekile ngobuningi nangentengiso
- Ukunikezwa kwezinsiza zokuhlanza amanzi angcolile.
- Ukuphathwa kwemithombo yamanzi.
- Ukubhekwa kwezilinganiso ezingenisa ukungcola.
- Izinsiza zokuvikela ukungcoliswa komoya.
- Izinsiza zoqeqesho mayelana nokunakekela amanzi.
- Izinsiza zocwaningo.
- Ukulawulwa kwemisebenzi yobunjiniyela nokuphothulwa kwayo ngesikhathi esifanele.

# IBHUKWANA MAYELANA NOMTHETHO WOKUTHOLA ULWAZI

## A) IZINGA LOKUTHINTEKA KUMTHETHO WOKUTHOLA ULWAZI

uMngeni-uThukela Water uyathinteka kuMthetho wokuthola ulwazi, uMthetho Nombolo 2 ka 2000, ikakhulukazi ngokuqondene nemiqulu yangaphakathi noma egcinwe ezinqolobaneni kodwa engaphansi kweminyaka engamashumi amabili. Ukutholakala kwemiqulu egcinwe ezinqolobaneni eneminyaka engaphezu kwamashumi amabili kulawulwa umthetho wezwe laseNingizimu Afrika omayelana neZinqolobane zezwe nemiqulu, unombolo 43 ka 1996, njengokuchitshiyelwa kwazo.

## B) INHLOSO YALELIBHUKWANA NGOKOMTHETHO WOKUTHOLA ULWAZI

Inhloso yalelibhukwana ukuhlonza izinhlaka nemisebenzi yo-uMngeni-uThukela Water nokuchaza ngemiqulu equkethwe yiwo ukuze kufezwe injongo yomthetho (PAIA)

## C) UMHLAHLANDLELA WOMTHETHO (PAIA)

Umhlahlandlela wokusebenzisa uMthetho ngokwesigaba 51 (1) (b), sifundwa ngokuhlanganyela nesigaba 10. IKhomishini Yamalungelo Abantu ihlanganise umhlahlandlela, ngokwesigaba 10 soMthetho, oqukethe ulwazi oludingakala kumuntu ofisa ukusebenzisa leli lungelo njengoba kunikeziwe kuMthetho. LoMthetho waqoshwa ngo-2005 kanti ukufinyelela kuwo noma isichibiyelo sawo kuyatholakala ekhasini likaKhomishana wamalungelo abantu baseNingizimu Afrika, noma ungathola ikhophi yawo ngqo kuKhomishana wamalungelo abantu baseNingizimu Afrika.

Imininingwane yokuxhumana ne- Khomishana Yamalungelo Abantu imi kanje:

Ikheli: Ikhomishane Yamalungelo Abantu YaseNingizimu Afrika.

Unit EAIA

The Research & Documentation Dept.

29 Princess of Wales Terrace, Cnr York and St Andrews Street Parktown, Johannesburg

Ikheli leposi : Private Bag 2700, Horton, 2041

Inombolo yocingo : 011-484 8300

Inombolo yesikhahlamezi : 011-484 0582

Ikheli lobhalonyazi : PAIA@sahrc.org.za

Ikheli lekhasi : www.sahrc.org.za

## 3. IMININININGWANE YOMUNTU ONGAXHUMANA NAYE KANYE NEMININININGWANE YEKHELI

Njengoba kudingwa yiSigaba 51 (1) (a) soMthetho, ngokomthetho, isikhulu esiphezulu esiphethe sehlangano yomphakathi siphinde sibe isikhulu sezolwazi senhlangano

Igama : Mr Sandile Mkhize (Isikhulu Esiphezulu)

Ikheli : 310 Burger Street, Pietermaritzburg, 3201

Inombolo yocingo : 033-341 1057

Inombolo yesikhahlamezi : 033-342 8895

Isikhulu esiphezulu sigunyaze lomuntu ongaxhumana naye ngezansi ukuqinisekisa ukuthi uMthetho uyalandelwa:

Zonke izicelo zolwazi kufanele ziqondiswe kwisekela lesiPhathimandla Kwezokunikeza Ngolwazi:

## Isekela lesiPhathimandla soLwazi

Igama: Johan Mncwabe: Ukuqokwa: Isekela lesiPhathimandla soLwazi:

Ikheli:

310 Burger Street,

Pietermaritzburg,

3201

Noma
Private Bag 9,
Pietermaritzburg, 3200
Ubhalonyazi : johan.mncwabe@umgeni.co.za
Inombolo yocingo: 033 341 1014
Inombolo yesikhahlamezi: 033 341 1084

## 4. IMIQULU ESINGATHWE UMNGENI-UTHUKELA WATER

Imiqulu yase-uMngeni-uThukela Water ilawulwa ngohlelo lokunikezwa kwamandla kwisizinda esizimele. Amafayela angasasetshenziswa adluliselwe ezinqolobaneni zenkampani. Imiqulu esiphelelwe isikhathi seminyaka yawo iyashatshalaliswa ngokohlelo lokugcinwa kwawo. Imiqulu enomlando kwezomthetho, ezenhlalakahle nezomlando noma ocwaningo agcinwa unomphela.

Imiqulu yenkampani ihlelwe ngokulandela uhlelo lokubhaliswa kwemiqulu noma uhlelo lokugcinwa kwamafayela futhi loluhlu lwemiqulu enhlonzwe njengokulandelayo iyatholakala. Ngalunye uhlelo lokugcina imiqulu lunochungechunge lwamafayela mayelana nezindaba zangaphakathi zokusekela ukuphatha. Lolu chungechunge lubizwa ngokuthi uchungechunge lokusekela ukuphatha, futhi nemvelo ejwayelekile. Uchungechunge lokusekela ukuphatha kanye nokwahlukaniswa kwemiqulu okuqukethwe kulona kumi kanje:

**Umthetho**

Ukubhalwa nokuchitshiyelwa komthetho wezifunda nokazwelonke ngokuthintene nenkampani.

**Ukuhlela nokuPhatha**

- Inqubomgomo
- Amaminithi emihlangano yesigungu esiphezulu
- Amaminithi emihlangano yokusebenza
- Ukuhlela amasu
- Ukuxhumana nezinhlangano zangaphandle

**Abasebenzi**

- Inqubomgomo
- Isakhiwo kanye nokuhlahlwa kwemisebenzi
- Ukuphathwa kwezinzuzo

- Ukuqeqeshwa
- Izikhalazo nokuqondiswa kobugwegwe
- Ezempilo kubasebenzi
- Izinyunyana

## EZEZIMALI

- Inqubomgomo
- Isabelomali
- Isabelomali sokusebenza
- Amanani
- Ukuhlolwa kwamabhuku
- Imali encane
- Umshwalense kanye nezimo zobungozi

## UKUPHATHWA KWEZEZIMALI

Lolu hlelo luqukethe imiqulu ephathelene nokuphathwa kwezimali kanye nokuphathwa kwezikhungo zenhlangano:

- Inqubomgomo
- Izibikezelo zezezimali
- Ukuhlela imali ngokwezindleko
- Ukuhlela imali ngokwezindleko zokusebenza
- Ukuphathwa kwempahla enyakazisekayo (ukulawulwa kwaleyompahla)
- Ukubuyisana
- Imiqulu yencwadi zokufakaza
- Imali engenile
- Izitatimende zezezimali
- Ukuhlelwa kwamanani
- Imibiko yezezimali
- Izinkokhelo zabakweletayo
- Abakweletayo ngokwehlukana kwabo
- Imibuzo yamakhasimende
- Izinkokhelo zabakweletwayo
- Izitatimende zabakweletwayo

- Amaholo nezichibiyelo

- Ukuphathwa kokuncozulwa kwamaholo
- Ukulawulwa kwempahla

## UKUPHATHWA KWEZEZIMALI

- Inqubomgomo
- Izinsiza zangaphakathi
- Izimpahla nemishini
- Indawo yokuhlala

## IZINDABA ZEZOMTHETHO

- Izivumelwane nezinkontileka
- Izimvume
- Ukuqokwa kosonkontileka nabaxhumanisi
- Eziphathelene namagunya okusebenzisa umhlaba womuntu ngesivumelwano.
- Amacala ezemibango
- Ukulawulwa kwezinkinga zomthetho

## Ababambe iqhaza ebhizinisi abebebizwa ngoNdabazabantu

- Inqubomgomo
- Ukuxhumanisa abezindaba
- Izinkulumo nezethulo
- Ondabazabantu
- Isaziso kubasebenzi
- Imicimbi yomphakathi
- Ukuxhaswa
- Ukuqoshwa kwezithombe nokubhalwa kwezincwadi
- Amaphephandaba angaphakathi
- Ukuxhumanisa abezindaba
- Ukuhlelwa kwezinkomfa nemcimbi
- Ukukhishwa kwezindaba
- Ukusungulwa kwezinsiza kusebenza nemibhalo

## IBHUKWANA MAYELANA NOMTHETHO WOKUTHOLA ULWAZI

Ngaphezulu kwalolu chungechunge lwezokusekela ukuphatha, uhlelo ngalunye lwabantu lunezinto ezibhekwayo njengemisebenzi abajutshelwe kuyo, okubandakanya imisebenzi esemqoka yesikhungo. Incazelo yemikhakha yemiqulu yemisebenzini abajutshelwe kuyo umuntu ngamunye uMngeni-uThukela Water injengokulandelayo:

### Isikhulu esiphezulu esiphethe

Lolu hlelo lokugcina imiqulu luqukethe imiqulu ephathelene nezinqumo ezibanzi namasu ezingeni eliphezulu.

- Ukuhlela amasu
- Ukuhlela ngokwesifunda
- Ukuhlela ngokwezindawo zasemaphandleni
- Ukuhlanganyela ekuletheni ushintsho
- Ukuxhumana nezinhlaka zangaphandle
- Ukwengamela nokunikezela
- Ibhizinisi langaphandle
- Amafayela ezikhulu eziphezulu
- Imihlangano yabaphathi
- Imihlangano yesigungu esiphezulu
- Izethulo

### Izinsiza zenhlagano

Umsebenzi wezinsiza zenkampani ubandakanya ezabasebenzi, ezempahla, ukulawulwa kwemisebenzi kanye nobuchwepheshe kwezolwazi nokuxhumana.

- Inqubomgomo
- Ukuxhumana nezinhlangano zangaphandle
- Ukuhlela amasu
- Ubuchwepheshe
- Ukuphathwa Kwempahla
- Ukutholakala kwezimpahla nezinsiza
- Amazinga nemigomo ye-GIS
- Ukuphathwa kolwazi lwe-GIS
- Imiklamo yezinhlelo ze-GIS
- Ukulungiswa kwemishini ye-GIS
- Imisebenzi enikezwe umuntu ngamunye ngokwe-GIS

## Umnyango Wabasebenzi

Izinhlelo zomnyango wabasebenzi ziqukethe amafayela abasebenzi kanye namanye amaphepha aphathelene nokuqashwa, imiholo yabasebenzi, kanye nokusebenza kwabo.

- Inqubomgomo
- Ukuhlela ukudlulisela ukuphathwa kwezikhundla
- Ukuqasha
- Inhlolokhono yokuyeka umsebenzi
- Uhla ngokwezikhundla
- Ukuhlahlwa kwemisebenzi
- Ukuqeqesha
- Ukubheka izinga lomsebenzi
- Uhlelo lokukhuphula labo ababegcindezelekile phambilini
- Imiholo kanye nemihlomulo
- Ezempilo yabasebenzi
- Izaziso zabasebenzi
- Ukwelulekwa kwabasebenzi
- Izikhalazo nokuqondiswa kobugwegwe
- Ukudluliselwa kodaba kwa-CCMA
- Izinyunyana

## Ubuchwepheshe bolwazi nokuxhumana

Lemiqulu ephathelene nohlelo lokuphathwa kwezokuxhumana nolwazi olwahlukahlukene lwe-ICT.

- Ukuhlonzwa kwemisebenzi ye-ICT
- Ukuphathwa komtapo wolwazi
- Ukugcinwa kwemiqulu
- Ezolwazi
- Ezobuchwepheshe
- Ezebhizinisi
- Uhlelo lokuxhumana
- Izimvume

**IMISEBENZI YOBUNJINIYELA NGAPHAMBILINI IBIZWA NGOKUTHI IMISEBENZI EMISHA**

Lolu hlelo lwenzelwe ukusekela onjiniyela abenza imisebenzi emikhulu nemincane njengokwakhiwa kwemithombo yamanzi, amapayipi, amadamu, njalonjalo.

- Inqubomgomo
- Ukuphathwa kwemisebenzi yezobunjiniyela
- Amaphepha ezinkontileka
- Imihlangano
- Imibiko yokuthuthuka
- Ukuphathwa kwezinkontileka
- Ukuqapha izindleko
- ezokudatshulwa komhlaba
- Ukuqinisekisa izinga lomsebenzi
- Ucwaningo lwezobunjiniyela
- Ukuhlelwa kobunjiniyela
- Ukucwaningwa kwemvelo
- Ukuhlela imithombo yamanzi
- Ukuhlelwa kwezingqalasizinda
- Ukuhlaziywa kwezinhlelo zemifula
- Isomiso nokulondolozwa kwamanzi
- Izindleko zamadamu nokusebenza
- Ukuphathwa kwamanzi okuphelele
- Izidingo zamanzi nokunikezelwa kwawo
- Ukwakhiwa kwezinhlelo zokunikezela amanzi
- Ukuhlelwa kwamanzi anele
- Ukuhlelwa kwamanzi aphansi
- Ukuhlelwa kwamanzi angcolile
- Ukuhlelwa kokunikeza amanzi ezindaweni zasemaphandleni

## Ubunjiniyela kanye Nezesayensi

Imiqulu kulolu hlelo imayelana nokuhlolwa kwamanzi nokuqinisekisa izinga nokuthuthukiswa kwezinqubo ezintsha zokubhekana namanzi kanye namanzi angcolile, kanye nokwenza ngcono izinqubo ezikhona.

- Isampula yezinga lamanzi
- Ukuhlolwa kwamanzi
- Ukuhlaziya kwekhasimende langaphandle
- Ukulinganisa nokulawula ukungcola
- Ukubhekwa kwezilinganiso ezingenisa ukungcola
- Ezemvelo
- Ukuphenya izindlela zokuhlanza amanzi
- Ezokufundisa ngamanzi
- Ukuhlela ukutholakala kwamanzi

## Imisebenzi

uMngeni-uThukela Water unezinhlelo zokugcinwa kwemiqulu ezindaweni osebenzela kuzo, kanye nasemahhovisi ezifunda eMhlali, Richards Bay, eNew Germany, e-Park Rynie, e-Midmar kanye nase-Mkhondeni. Kodwa izigaba ezifanayo zigcinwa ohlelweni ngalunye, futhi imibhalo efanele kanye nemibiko ithunyelwa enhlokohhovisi eMgungundlovu. Kubekwe ngezansi izigaba zemiqulu egcinwe enhlokohhovisi.

- Imihlangano yokusebenza
- Ukwengamela nokunikezela
- Izomiso kanye nezikhukhula
- Izivumelwano
- Ezokuphepha
- Ukumiswa kwabathengi nezixwayiso
- Ukuthuthwa nokugcinwa kwamanzi
- Ukuhlanzwa kwamanzi
- Imisebenzi
- Ukuhlanzwa kwamanzi angcolile
- Ukulawulwa kokulahlekelwa nokukalwa kokusetshenziswa kwamanzi
- Izilinganiso zamanzi
- izigamu zamanzi
- Ukufundwa kwamamitha
- Ukuhlolwa kwezindawo zokusebenza
- Amazinga amanzi
- Ezemisebenzi
- Ukuhlanzwa nokulahlwa kodaka
- Ukulawulwa kokulahlekelwa

## 5. IZIGABA ZEMIQULU EZITHOLAKALA NGAPHANDLE KOKUSEBENZISA UMTHETHO

uMngeni-uThukela Water unekhasi ku- www.umgeni.co.za. Kutholakala lezinto ezilandelayo:

- Imibiko yonyaka wesi -1995 / 6-1998 /9
- Imibiko yezemvelo 1996-1999
- Imibiko yobuchwepheshe nesayensi 1995 / 6-1998 /9
- Qalasizinda
- Isexwayisa ngezikhukhula nemibono (ukuze uphawule ngako umphakathi)

## 6. UMTHELELA KWENQUBOMGOMO

Isigungu esiphezulu so uMngeni-uThukela Water samukela isibophezelo sokugcina yenhlangano siphinde siqinisekisa ukuthi izibophezelo esijutshelwe zona zenziwa ngendlela efanele. Njengoba isigungu sinomthelela ekukhethweni kwabaphathi abaphezulu, amalungu esigungu anezwi kumthetho sisekelo wabaphathi bo- Umgeni Water.

## 7. IZIXAZULULO EMPHAKATHINI

Uma uMngeni-uThukela Water, noma omunye wabasebenzi bawo ehluleka ukwenza umsebenzi ajutshelwe wona, umphakathi unegunya okokuqala lokubika kumphathi walowomnyango othintekayo. Uma ungagculisekile ungadlulisela udaba kuMphathi Omkhulu. Uma inkinga ingaxazululeki, udaba lungadluliselwa kwisigungu so- uMngeni-uThukela Water. Uma kuwukuthi akukho ukusizakala, isinyathelo sokugcina ukudlulisela udaba ku- Ngqongqoshe wezaManzi namaHlathi.

## ISITHASISELO 1:

IZINQUBO ZOKUTHOLA ULWAZI

a. Isicelo sokuthola ulwazi kufanele senziwe ngefomu elinikezelwe (ikhophi yakhona echonyelelwe) okufanele ithunyelwe ekhelini, inombolo yesikhahlamezi noma ikheli lobhalonyazi.

b. Isicelo sokuthola ulwazi sizohlolwa futhi umfakisicelo uzokwaziswa zingakapheli izinsuku ezingamashumi amathathu (30) ngemuva kokuthola isicelo ngesakhiwo esimisiwe salokhu okulandelayo:

   a. Isaziso sokwengezwa kwesikhathi (uma kudingekile)
   Umfakisicelo kumele aqaphele ukuthi ngokwemigomo yoMthetho, isikhathi sezinsuku ezingamashumi amathathu (30) singalulwa ngaphansi kwezimo ezithile (imininingwane izonikezwa kanye nesaziso sokululwa kwesikhathi).

   b. Isinqumo ngesicelo
   Umfakisicelo uzokwaziswa ukuthi ngabe isicelo samukelwe noma cha. Uma kwenzeka umfakisicelo enqatshelwe ukuthi athole ulwazi uzonikezwa izizathu ezinqala zokwenqatshwa kwesicelo futhi uzokwaziswa ukuthi lowo ofake isicelo angafaka isicelo eNkantolo ngokunqatshwa kwesicelo, kanye nenqubo (kubandakanya isikhathi) sokufaka isicelo.

   c. Izizathu zokunqaba
   Inkampani inganqaba ngokusemthethweni ukunikezela ngolwazi oluceliwe oluwela esigabeni sithile. Izizathu lapho inkampani inqaba khona zihlanganisa:

- Ukuvikela ulwazi lomuntu siqu inkampani enalo ngomuntu wesithathu (ongumuntu wemvelo), kufaka phakathi umuntu oshonile, kusukela ekudaluleni okungafanelekile.
- Ukuvikela ulwazi lwezohwebo olwaziwa yinkampani mayelana nomuntu wesithathu noma inkampani (isibonelo, izimfihlo zokuhwebelana, ezezimali, ezentengiselwano, ezesayensi noma ezobuchwepheshe ezingalimaza inzuzo yezokuhweba noma yezimali zeNkampani noma umuntu wesithathu.
- Uma ukudalulwa kungalimaza impilo noma ukuphepha komuntu.
- Uma ukudalulwa kungaphazamisa ukuvikelwa kokuphepha komphakathi.
- Umqulu unelungelo lokungakhiqizwa odabeni lezomthetho, ngaphandle uma lelongelo likhishiwe.

d. Imiqulu engatholakali noma engekho
Uma inkampani ibheka imiqulu ekholelwa ukuthi ayikho noma ayitholakali, ofake isicelo uzokwaziswa ngendlela yencwadi efungelwe. Lokhu kubandakanya izinyathelo ezithathiwe ukuzama ukuthola imiqulu.

## ISITHSISELO 2: UHLU LWAMAGAMA

**Okufanele ukugcinwa kwinqolobane:** imiqulu nezokuphatha, ezezimali, ubufakazi bomthetho noma ngabe imiphi eminye imininingwane egunyaziwe ukuthi ingagcinwa unomphelo

**Izinqolobane:** imiqulu enolwazi olubalulekile olugcinwe ezakhiweni zezinqolobane (isakhiwo lapho kugcinwa khona imiqulu)

**Imiqulu yamanje:** ileyomiqulu ehlonzwa njengesangasetshenziswa.

**Ukulahlwa:** isenzo sokushabalalisa noma ukucisha umqulu noma ukuwudlulisela enqolobaneni.

**Igunya lokulahla:** igunya elibhalwe phansi elikhishwe umphathi-nqolobane wezwe yilo elicacisa ukuthi imiphi leyomiqulu okumele igcinwe enqolobaneni, icacise ngemiqulu okumele ishatshaliswe noma icishwe.

**Uhlelo lwefayili:** uhlaka olungaqinisekile olwakhelwe ukuhlela imiqulo ngokwamaqoqo ezifundo zawo ukwenza kube lula ukuwuthola noma ukuwushabalalisa. Loluhlelo lwakhelwe kuhlelo lwamaphepha isakhiwo esinqunyiwe nesingakahlelekile lapho imiqulu ihlelwe khona futhi egcinwe ngengqondo ngokulandela amaqembu ahloswe futhi okubhekiswe ekusunguleni ngokuphumelelayo nokulahlwa kwemiqulu. Uhlelo lwefayela lusetshenziselwa ngemishini. Ngokujwayelekile inikezwa inombolo, ukuchazwa ngegunya lokulahlwa kwamafayela agcinwe eoffice.

**Umqulu** : ulwazi oluqoshiwe kungakhathaliseki indlela nobulona, ubufakazi bokuthengiselana olondolozwe ngolwazi lobufakazi oluqukethe.

## ISITHASISELO 3:

IFOMU YOKUFUNA ULWAZI

a. ISICELO SOLUTHOLA ULWAZI ESIKHUGWENI SOMPHAKATHI
(Isigaba 18 (1) soMthetho WokuThola Ulwazi, 2000

(Umthetho No. 2 ka 2000)

[Umthethonqubo 6]

A. Imininingwane yesigungu somphakathi
Iphini leSikhulu soLwazi: uMngeni-uThukela Water
uMphathi: Ukuphathwa kolwazi
*Ikheli Lendawo:*
310 Burger Street
Pietermaritzburg
3201

*Ikheli leposi:*
PO Box 9
Pietermaritzburg
3200
*Ucingo:* (033) 3411014
*Isikhahlamezi:* (033) 3411084

## IZIMALI UMA KUZA EZINHLAKENI ZOMPHAKATHI

1. Imali yekhophi yombhalo njengoba kuhlongozwe kumthethonqubo 5 (c) ngu-R0,60 ikhophi ngayinye yekhasi le-A4 noma ingxenye yalo.

2. Imali yokukhiqiza okukhulunywa ngayo kumthethonqubo wesi-7 (1) kanje:

| | | | |
|---|---|---|---|
| (a) | | Konke ikhophi yephepha le-A4 noma ingxenye yalo | 0,60 |
| (b) | | Ikhophi ngayinye ephrintiwe yekhasi le-A4 noma ingxenye yayo ekhompyutheni noma kwifomu lobuchwepheshe noma lomshini | 0,40 |
| (c) | | Ikhophi ngendlela efundekayo ngekhompyutha ku - | |
| (i) | | I-compact disc | 40,00 |
| (d) | (i) | Ukubhalwa kwezithombe ezibukwayo, ngekhasi lesayizi le-A4 noma ingxenye yalo | 22,00 |
| | (ii) | Ikhophi yezithombe ezibukwayo | 60,00 |
| (e) | (i) | Ukubhalwa kwerekhodi elilalelwayo, ngekhasi lesayizi le-A4 noma ingxenye yalo | 12,00 |
| | (ii) | Ikhophi yerekhode elilalelwayo | 17,00 |

3. Imali yesicelo ekhokhwa yilowo nalowo ofaka isicelo, ngaphandle kokucelayo komuntu siqu, okukhulunywe ngaye kuya kumthethonqubo 7 (2) ngu- R35,00.

4. Izimali zokufinyelela ezikhokhwa ngumfakisicelo okukhulunywa ngazo kumthethonqubo 7 (3) zimi kanje:

| | | |
|---|---|---|
| (a) | Ikhophi yephepha le-A4 noma ingxenye yalo | 0,60 |

(b) Ikhophi ngayinye ephrintiwe yekhasi le-A4 noma ingxenye yalo elikwingcithabuchopho noma kwifomu lobuchwepheshe noma lomshini 0,40

(c) Ikhophi ngendlela efundekayo ngekhompyutha ku- -

(i) I-compact disc 40,00

(d) (i) Ukubhalwa kwezithombe ezibukwayo , ikhasi le -A4 noma ingxenye yalo 22,00

(ii) Ikhophi yezithombe ezibukwayo

60,00

(e) (i) Ukubhalwa komqulu olalelwayo, ikhasi le-A4 noma ingxenye yalo 12,00

(ii) Ikhophi yomqulu olalelwayo 17,00

(f) Ukucwaninga nokulungisa umqulu wokudalulwa u-R15,00 ngehora ngalinye noma ingxenye yehora, ngaphandle kwehora lokuqala, elidingekayo ekufuneni nasekulungiseleleni.

(2) Ngokwezinhloso zesigaba 22 (2) soMthetho, okulandelayo kusebenza:

(a) Amahora ayisithupha njengamahora okumelwe adlulwe ngaphambi kokuba idiphozithi ikhokhwe; futhi

(b) Ingxenye eyodwa kwezintathu yemali yokufinyelela ikhokhwa njengediphozi ngumceli.

(3) Imali yokuposa ikhokhwa uma ikhophi yomqulu kumele ithunyelwe kumceli ngeposi.

**ISAZISO SOMBUSO**
**UMNYANGO WOZOBULUNGISWA NOKUTHUTHUKISWA KWEMTHETHOSISEKELO**
**PROMOTION OF ACESS TO INFORMATION ACT, 2000**
**UKUKHULULWA NEZINQUMO ZOKUPHATHWA KWESIGABA 22 (8)**

Mina, Thembi Kadimeng, uNgqongqoshe Wezobulungiswa Nokuthuthukiswa Komthethosisekelo, ngisebenza ngaphansi kwesigaba 22 (8) soMthetho Wokukhuthaza Ukufinyelela Olwazini, 2000 (uMthetho No. 2 ka 2000) ngalokhu

(a) Ngikhulula abantu abalandelayo ekukhokheni imali yokufinyelela ehlongozwe esigabeni 22 (6) soMthetho:

(i) Umuntu ongashadile ohola imali yonyaka, emva kokuncishiswa okuvumelekile okukhulunywe ngayo kuSheduli yalesi saziso, engadluli ku-R 14 712, 00 ngonyaka;kuphinde kube

(ii) Abantu abashadile noma umuntu nomlingani wakhe wokuphila owenza unyaka ngamunye imali engenayo, emva kokuncishiswa okuvunyelwe okukhulunywe ngaye kuSheduli yalesi saziso, engadluli ku-R27 192,00 ngonyaka; futhi

(b) Ngiyaqinisekisa ukuthi -

(i) lapho izindleko zokuqoqa noma yiphi imali ehlongozwe esigabeni 22 soMthetho, idlula inani elikhokhisiwe, leyo mali ayisebenzi;

(ii) imali yokufaka isicelo ehlongozwe esigabeni 22 (8) soMthetho ayisebenzi kwimiqulu yomuntu ofaka isicelo; futhi

(iii) imali yokucela ehlongozwe esigabeni 22 (l) soMthetho kanye nemali yokufinyelela ehlongozwe esigabeni 22 (6) soMthetho ayisebenzisi irekhodi eliceliwe ngumphathi wesondlo noma umphenyi wesondlo ngenhloso yokuphenywa kwesondlo

noma uphenyo ngokwemigomo nemibandela ye- Maintenance Act, 1998 (uMthetho No. 99 ka 1998) noma imithethonqubo eyenziwe ngaphansi kwesigaba 44 soMthetho.

## UHLAKA

1. Ngenhloso yesigatshana (a) ( i ) no (ii) sesaziso uku okulandelayo kuvunyelwe:

(a) Intela yabasebenzi ngokwemigomo yesigaba 2 seNgxenye II yesheduli yesine ye Income Tax Act ka-1962 (uMthetho No. 58 ka 1962);

(b) Iminikelo ngokwesigaba 5 se- Unemployment Insurance Contribution Act, 2002 (uMthetho No. 4 ka 2002);

(c) Iminikelo eyimpoqo ye Group Insurance Fund ngokwemigomo yenkantolo noma ngokwemvumelwano phakathi komqashi nomsebenzi wakhe;

(d) Iminikelo kunoma yiluphi uhlelo lwezokwelapha olubhaliswe ngaphansi kwezinhlinzeko ze-Medical Scheme Act, 1998 (uMthetho No. 131 ka 1998), futhi wavunyelwa ukuba unciphiswe ngokwesigaba 18 (1) (a) se- Income Tax Act, ka-1962 (uMthetho No. 58 ka-1962);

(e) Iminikelo eya esikhwameni sezimali zempesheni ngokwesigaba 13A se Pension Fund Act, 1956 (uMthetho No. 24 ka 1956);

(f) Imali yokuqasha noma izitolimende zokubolekwa kwempahla ezikhokhelwa imali kuzekufinyelele emalini engu-R12 000,00 ngonyaka;

(g) Ukugcinwa kwezimali okukhokhwa ngokwemigomo yenkantolo; Kanye

(h) Imali yesikole, ngaphandle kwemali yesikole ekhokhwa isikoleni esizimele.

U-Thembi Kadimeng

